IBhayibheli LaBantwana
Likulethela



USamsoni, Indoda KaNkulunkulu Enamandla

Ibhalwe ngu: Edward Hughes
Kwabonakala ngu: Janie Forest; Alastair Paterson
Ifanekiswe ngu: Lyn Doerksen
Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala
Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

BFC
PO Box 3
Winnipeg, MB R3C 2G1
Canada

©2021 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Esikhathini esidlule, emhlabeni wama-Israyeli, kwakuhlala indoda ebizwa ngu-Manowa. Yena nonkosikazi wakhe babengenazo izingane. Suku lunye ingilosi yeNkosi yaziveza koNkosazane Manowa. "Uzokuba nengane ekhethekile,"

Kusho ingilosi.

Waxoxela umyeni wakhe ngalezindaba ezinhle. UManowa wathandaza, “Nkosiyami ... ziveze kuthina futhi. Sifundise ukuthi senzenjani ngalengane.”



Ingilosi yayala uManowa ukuthi kwakumele ingagundwa izinwele, ingaphuzi utshwala, futhi kukhona nokudla okwakungamele ikudle lengane. UNkulunkulu wayekhethe lengane ukuba ibe umehluleli. Yayizohola i-Israyeli.





Abantu baNkulunkulu babelundinga ngempela usizo.

Babesebemushiyile uNkulunkulu, futhi babexhashazwa izitha zabo, ama-Filisti. Kodwa ngenkathi bethandaza uNkulunkulu wabezwa. Wathumela lomntwana owayezoba indoda enamandla adlula wonke umuntu emhlabeni.



“Ngakhoke owesifazane wazala indodana wayibiza ngoSamsoni: futhi lomntwana wakhula, iNkosi yamubusisa. Futhi umoya oyingcwele weNkosi waqala waziveza kuye.” uSamsoni wabanamandla kakhulu. Suku lunye walwa nebhubesi ngezandla nje – walibulala!

Kamumva, uSamsoni
wanambitha uju oluphuma
esiqwini sezinyosi esasihlezi
emzimbheni webhubesi elalifile.
Waqamba imfumbe: “Kodlayo kwaphuma
ukudla, konamandla kwavela okumnandi.”

Akekho owayengaqagela ukuthi
isho ukuthini imfumbe – kodwa
inkosikazi entsha kaSamsoni,
eyum-Filisti, yachazela abangani bayo.
Lokhu kwacasula uSamsoni kakhulu.

USamsoni wacasuka ngaphezulu ngenkathi ama-Filisti enikela ngo nkosikazi wakhe ukuba abe unkosikazi womngani wakhe omkhulu. Wahlela ukubuyisela. Kodwa kanjani? Kuqala, uSamsoni wabamba izimpungushe eziyizinkulungwane ezintathu. Bese wazibopha ngomsila ngambili, bese wabeka isibani somlilo phakathi kwazo.



Bese uSamsoni wazikhululela emasimini wama-Filisti.



Nama-Filisti ayefuna ukubuyisela. USamsoni wazivumela ukuba abanjwe, aboshwe futhi anikelwe kuma-Filisti ukuba amubulale.



Kodwa uMoya weNkosi wamufikela uSamsoni. Wagqhashula izintambo, wacosha umhlathi wembongolo, bese wabulala izitha eziyinkulungwane.

Abaseshi bama-Filisti bamucinga uSamsoni. Busuku bunye, bamhaqa edolobheni futhi bakhiya wonke amasango. Kodwa uSamsoni waziphumela – ephethi amasango ngamahlombe!



Kodwa uSamsoni wadumaza uNkulunkulu. UNkulunkulu wayenike uSamsoni amandla kodwa kwakumele athobele yena. Suku lonye, uSamsoni wabela imfihlo yamandla akhe noDelila, inhloli enhle yomFilisti. Yathumela indoda ukuba igunde izinwele zikaSamsoni ngenkathi elele.

Amasosha ama-Filisti ahlasela uSamsoni ekamelweni likaDelila lokulala. USamsoni walwa ngokuzimisela – kodwa amandla akhe ayengasekho. Izitha zakhe zamukhipha amehlo.



Eyimpumputhe futhi
ebuthakathaka,
uSamsoni waba
isigqila sama-Filisti.
Bayihleka futhi
bahlekisa ngayo
inceku kaNkulunkulu.

Ama-Filisti abanesidlo esikhulu. Bathandazela kunkulunkulu-nhlanzi, uDagoni, ngokubanqobela uSamsoni. Baphuza futhi bazijabulisa ethempele likaDagoni. Bese babiza uSamsoni ukuba abadlalele.



Umfana thizeni waletha uSamsoni, bese wamuncikisa ngezinsika ezazi mise ithempeli. Kwakukhona ama-Filisti ayizinkulungwane ezintathu kuphahla, futhi namanye ngaphakathi ethempeleni, bonke behlekisa ngaye.



Kodwa izinwele zikaSamsoni zaseziqala ukukhulu ejele. Wathandaza, "Nkosi Nkulunkulu, ngiqinise kube kanye, ukuze ngiphindisele ngenxa yamehlo ami omabili."



UNkulunkulu wayezophinde amunike amandla futhi uSamsoni? USamsoni wayezophinda enza okungenakwenzeka? YEBO! YEBO! Ngokukhulu ukugqilazeka, uSamsoni wahlephula izinsika.



Ithempela likaDagoni lawa, labulala amaFilisti ayizinkulungwane - kanye noSamsoni!

USamsoni, Indoda KaNkulunkulu Enamandla

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Abahluleli 13-16

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16